Sappi Limited

PO Box 31560
2017 Braamfontein
SOUTH AFRICA
Tel +27 (0)11 407 8111

www.sappi.com

01 Mandulo 2016

Siyakubingelela Mlingani wethu weBhizinisi

Njengomuntu esibambisene naye ebhizinisini udlala indima enkulu futhi ebalulekile empumelelweni yethu futhi singathanda ukubonga uxhaso lwakho osinikeza lona.

Sesiyikhiphile incazelo nge-2020Vision, izinjongo zethu kwezezimali kanye nezimiso zethu njenge nkampani. Siphinde sakusho ukuthi ngamandla o-Sappi Omunye (One Sappi) izinhloso zethu ukuthi sibe inhlangano ethembekile futhi enenqubekela phambili enekusasa eliqhakazile emkhakheni esikuwona (woodfibre).

Njenge nkampani esebenza emazweni ahlukene futhi ngaphansi kwemithetho eyahlukene, kubalulekile ukutshengisa u-Sappi obambisene kubasebenzi bethu, abathumeli-mpahla, amakhasimende kanye nakuzozonke izinhlaka esisebenzisana nazo. Lokhu singakwenza ngokuqinisekisa ukuthi siziphatha kahle, kakhulu kunangaphambilini. Ngokuhambisana namaqhinga ethu nokuzinikela ekubeni izakhamizi eziqhotho, sibe sesibhala Ikhodi yendlela yokuziphatha yenkampani.

Noma sikwazi ukuthi esisebenzisana nabo banezindlela zokusebenza ezinhle futhi ezinesithunzi, kodwa ukhona umehluko phakathi kwezifunda nasemazweni futhi lezindlela azimile kodwa zishintsha zikhathi zonke. Njengo Sappi Omunye, inhloso yethu enkulu ukuthi bonke esisebenzisana nabo bayazi imigomo esisebenzela ngaphansi kwayo ukuze nabo bethathe izinqumo ezinomthelela omuhle futhi baziphathe ngendlela efanele. LeKhodi ingena kuwowonke umuntu esisebenzisana naye, ukuze bayazi indlela yokuziphatha esiyilindele kubo uma senza ibhizinisi.

LeKhodi imaphakathi kodumo lwethu, okuyilapho impumelelo yethu iqhamuka khona. Kumele siqinisekise ukuthi konke esikwenzayo kuyakha futhi kuvikela indlela esaziwa ngayo njengenkampani. Ngokuziphatha ngendlela efanele ehambisana neKhodi, sizobe sinekeza uxhaso, sakha umoya omuhle wokusebenza lokho okunikeza umdlandla futhi kuthuthukise udumo lwethu njengenkampani. Uma kukhona amakhasimende, abasithumela umsebenzi kanye noma esisebenzisana nabo abangahambisani nemigomo nezindlela yokuziphatha yenkampani, sizocubungula ubudlelwane esinabo, sithathe izinqumo ezifanele.

Abasebenzi bakwa-Sappi sebezinikelile ekusebenzeni ngendlela ehambisana nemigomo yethu yokuziphatha ngendlela esezingeni elifanele, ingakho sikukhuthaza nawe ukuthi uzinikele kulemigomo. Njengabalingani bethu kwezebhizinisi sicela uzijwayeze nale-Khodi yakwa-Sappi futhi ulandele imithetho ekhona futhi nawe ukhuthaze osebenzisana nabo nabangaphansi kwabo ukuthi balandele lenqubo-migomo. Kwa-Sappi senza ibhizinisi

Directors: Sir Nigel Rudd (UK) (Chairman), Messrs S R Binnie (UK) (Chief Executive Officer), G P F Beurskens (NL), R J DeKoch (USA), M A Fallon (UK), N P Mageza, J D McKenzie, M V Moosa, G T Pearce and R J A M Renders (NL), Drs D Konar and R Thummer (Austria) Mses K R Osar (USA) and B Radebe
Sappi Limited (Reg no 1936/008963/06)
Secretaries Sappi Southern Africa Limited (Reg no 1951/003180/06)

ngobuqotho futhi sitshengisa isibindi, siphinde senze izinqumo ezikhaliphile ngokushesha. Njengo mhlahlandlela, silandela yonke imithetho yamazwe nemingcele esenza khona ibhizinisi. Lemigomo elandelayo iyona okumele siyilandele uma senza izinqumo:

- Phatha abanye ngendlela ongathanda ukuphathwa ngayo nawe. Sikhuthaza abasithumela umsebenzi ukuthi baphathe abasebenzi babo, kanye nemiphakathi abasebenza kuyona ngendlela ehlonipha amalungelo abo njengabantu
- Ukuthembeka nokuba neqiniso
- Ukusiza ukunciphisa Ubugebengu nokungathembeki
- Ukuhlonipha ukuhluka kwethu futhi singacwasani
- Ukuvikela Imvelo
- Ukuhlonipha imininingwane eyimfihlo yabantu
- Ukungazibandakanyi ekushintsheni amanani
- Ukulandela imithetho yezokuncintisana
- Ukugwema ukwenza okushayisanayo ngokomsebenzi
- Ukuhambisana nemigomo yakwa-Sappi yokunikeza nokuthola izipho.

Siyathemba ukuthi njengomthumeli-msebenzi, esibambisene naye kwezebhizinisi nawe uzolandela lemigomo ebhaliwe.

Uma ufuna eminye imininingwane ekhona kwi-Khodi Yendlela Yokuziphatha ungavakashela kuwebhusayithi yethu, ekhona ngezansi. Uma kukhona imibuzo onayo ngaloludaba, ungakhululeka uthintane nomunye wabasebenzi omele u-Sappi futhi usazise umakukhona ophula eminye yemithetho ekhona yokuziphatha ngendlela efanele ku-Ethics@sappi.com or Ethicsline@kpmg.co.za.

Ngiyabonga

Steve Binnie

Umphathi Omkhulu

Sappi Limited